“izinkokhelo zamanje” kusho noma yiziphi izinkokhelo ezenziwa umnyango ezichazwe njengezinkokhelo zamanje ngokwemogomo yokwethulwa kwe-format yokubikwa kwezimali ngokomnotho (kuMandulo ka-2009) ekhishwe nguMphathizimali kaZwelonke ngaphansi kwesigaba sama-76 soMthetho wokuPhathwa kweZimali zikaHulumeni. Lokhu okungaphezulu kubandakanya izinkokhelo ezenziwa umnyango wesifundazwe ngokuqondene nezidingo zokusebenza zalowo mnyango, futhi kufaka phakathi kokunye, izinkokhelo zokunxeshezelwa kwezisebenzi, impahla kanye nemisebenzi, inzalo, irenti yezakhiwo ezingagudluki, kodwa akuhlanganisi izimali zokuxhasa, nokusetshenziswa kwemali ngokuqondene nezimpahla kanye nezikweletu, kodwa akubandakanyi izimali ezidlulisiwe kanye nemixhaso, izinkokhelo zempahla yokusebenza;

“izinkokhelo zempahla” kusho noma yiziphi izinkokhelo ezenziwa umnyango ezichazwe njengezinkokhelo zempahla ngokoMhlahlandlela yokwethulwa koHlelo Lokubika Ngezimali (kuMandulo ka-2009) ekhishwe nguMgcinimafa kaZwelonke ngaphansi kwesigaba 76 soMthetho

Wokuhathwa Kwezimali zikaHulumeni. Lokhu okungaphezulu kusho noma yiziphi izinkokhelo ezenziwa ngumnyango wesifundazwe;

“izinkokhelo zezimpahla zezimali” kusho noma yiziphi izinkokhelo ezenziwa umnyango ezichazwe njengezinkokhelo zezimpahla zezimali ngokwemogomo yokwethulwa kwe-format yokubikwa kwezimali ngokomnotho (kuMandulo ka-2009) ekhishwe nguMphathizimali kaZwelonke ngaphansi kwesigaba sama-76 soMthetho wokuPhathwa kweZimali zikaHulumeni. Lokhu okungaphezulu kubandakanya ukunikezelwa kwezinkokhelo ezimayelana nokuthengwa kwezimpahla zezimali;

“unyakamali womasipala” kusho unyakamali womasipala ophela zingama- 30 kuNhlangulana;

“isikhulu sikamasipala esamukela izimali” mayelana nesabelo esinemibandela esidluliselwa kumasipala, kusho umphathi kamasipala;

“isikhulu sesifundazwe esidlulisa izimali” kuso umpathi womnyango odlulisela isabelo esinemibandela kumasipala.

“IsiFundazwe” kusho isifundazwe saKwaZulu-Natali esasungulwa ngokwesigaba 103 soMthethosisekelo weRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika, wonyaka we-1996;

“IsiShayamthetho Sesifundazwe” kusho isishayamthetho sesiFundazwe saKwaZulu-Natali;

“uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni” kusho uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni, wonyaka we-1999 (uMthetho No. 1 we-1999);

“uMthetho Wokwabiwa KweZimali” kusho uMthetho Wokwabiwa KweZimali, wonyaka we-2025;

“izinkokhelo ezidlulisiwe nemixhaso” kusho noma yiziphi izinkokhelo ezenziwa umnyango ezichazwe njengezinkokhelo ezidlulisiwe nemixhaso ngokwemogomo yokwethulwa kwe-format yokubikwa kwezimali ngokomnotho (kuMandulo ka-2009) ekhishwe nguMphathizimali kaZwelonke ngaphansi kwesigaba sama-76 soMthetho wokuPhathwa kweZimali zikaHulumeni. Lokhu kusho noma yiziphi izinkokhelo ezenziwa ngumnyango wesifundazwe kwenye ingxenye kahulumeni kumbe kunoma yimuphi omunye umuntu, umnyango ongatholi lutho kuye olunenani elifanayo, futhi kuhlenganisa ukukhokhelwa kwezibonelelo ezikhishwa ngenxa yezimo ezithile;

“Lo Mthetho” uhambisana neSheduli.

Ukwabiwa kwezimali ngezidingo zesiFundazwe

2. (1) Ukwabiwa kwezimali yiPhalamende Lesifundazwe esiKhwameni Semali Yesifundazwe ukuze kubhekwe izidingo zikahulumeni onyakeni wezimali we-2025/26, kumavoti ehlukenene nezingxenye zamavoti, kanye nangokwezinhloso ezibaluliwe, kuchaziwe kwiSheduli.

(2) Ukusetshenziswa kwezimali ezabiwe ngokwesigaba (1) kumele kuhambisane nemibandela yalomthetho noMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni.

(3) Ukusetshenziswa kwezimali ezikhishwe esiKhwameni seZimali sesiFundazwe ngaphambi kokuphaziswa kwalomthetho yisiShayamthetho sesiFundazwe, njengoba kubekwe kusiigaba 29 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali zikaHulumeni –

- (a) Kumele kwenziwe ngokwezimfuno zesigaba 29 (2) soMthetho Wokuphathwa Kwezimali zikaHulumeni; futhi
- (b) Kumele kushicilelwe emabhukwini ngokwamavoti kanye nezingxenye zamavoti ezibalulwe kwiSheduli.

Ukwabiwa kwezimali okubalulwe ngokukhethekileyo

3. Ngaphandle kwezinhlinzeko zanoma yimuphi umthetho, izimali ezabelwe ivoti noma izingxenye zevoti ezibalulwe ngokukhethekileyo, ezimayelana nalokhu –

- (a) uxhasomali lukazwelonke olunemibandela, zingasetshenzisela izinhloso ezibalulwe eMthethweni Wokwabiwa KweZimali ngokuhambisana nemigomo ebekiwe ngokwawo loMthetho;
- (b) Nanoma iziphi izimali ezibalulwe ngokukhethekile zingasetshenzisela kuphela inhloso ebaluliwe futhi azikwazi ukusetshenzisela enye inhloso, ngaphandle uma uMthetho wesiShayamthetho Sesifundazwe uchibiyela noma uguqula inhloso owawumiselwe yona.

Imvume yokusetshenziswa kwezimali

4. (1) Naphezu kokubakhona kokuphikisayo kunoma yimuphi umthetho, uNgqongqoshe wezeZimali angagunyaza, ngaphambi kokuphasiswa koMthethosivivinyo Wokwabiwa Kwezimali Waphakathi Nonyaka ukusebenza kwemali okungeke kubanjezelwe ngaphandle kokukhinyabeza ukunikezelwa kwemisebenzi, uma ngabe lokhu kusetshenziswa kwemali kuvemelekile ngokoMthetho Wokuphathwa Kwezimali zikaHulumeni, nalapho ukusetshenziswa kwezimali –

- (a) Kungokwezidingo ezingabonakalanga ngaphambilini, futhi kungavimbeki, kanye nokubambezela ukukhokha kuyokhinyabeza ukunikezelwa kwemisebenzi;
- (b) Kwamenezelwa uNgqongqoshe wezeZimali mhlakuthulwa isabelo sezimali sonyaka kanti futhi ukukhokhwa kwezimali kudingeka ekuthulweni kwezihlelo zomphakathi ezimenezelwe; noma
- (c) Kwagunyazwa onyakeni odlule kepha lemali izokwabelwa unyakamali ka-2025/26 ukuqedela ukukhokhelwa kwemisebenzi okungenzekanga ngonyakamali – 2024/25 njengoba kwakuhleliwe.

(2) Ukusetshenziswa kwemali okugunyazwe ngokulandelayo –

- (a) isigabana 1(a) no (c) kungeke kwedlule inani elibekwe njengemali engezukusebenza kunyakamali esabelweni sezimali sesifundazwe sonyaka; kanye
- (b) nesigabana 1(b) kungeke wedlule inani eliphathelene nacho, elimenezelwe nguNgqongqoshe wezeZimali ekwathulweni kwesabelomali sonyaka.

(3) Ukusetshenziswa kwezimali okugunyazwe ngokwesigabana (1) –

- (a) kuyokhokhelwa esiKhwameni seZimali sesiFundazwe;
- (b) kungabekwa imibandela nguNgqongqoshe wezeZimali;
- (c) kumele kwethulwe kuMthethosivivinyo woKwabiwa Kwezimali Waphakathi nonyaka noma kweminye imithetho yokwabiwa kwezimali yonyakamali – 2025/26.

Ukubanjwa kwesabelo ezinemibandela

5. (1) Isikhulu sesifundazwe esidlulisa imali singabamba ukudluliswa kwesabelo esinemibandela esiya kumasipala noma ingxenye yalesosabelo isikhathi esingadluli izinsuku izingama - 30 uma –

- (a) umasipala ungahambisani nanoma imiphi imibandela yalomthetho; noma
- (b) ukusetshenziswa kwemali edluliswe ngokwedlule kunyakamali womasipala kukhombisa ukusetshenziswa okungaphansi, nokungenayo incazelo ezwakalayo.

(2) Isikhulu sesifundazwe esidlulisa imali kumele, ezinsukwini zokusebenza eziyisikhombisa (7) noma esikhathini esifushane esigunyazwe uMphathizimali wesiFundazwe, ngaphambi kokubamba isabelo esinemibandela, ngokwesigabana sokuqala (1) –

- (a) sinikeze umasipala othintekayo
 - (i) isaziso esibhaliwe senhloso yokubanjwa kwesabelo; kanye
 - (ii) nethuba lokunikeza incazelo ebhaliwe, phakathi kwazo lezozinsuku eziyisikhombisa noma isikhathi isifushane, yokuthi kungani kungamele singabanjwa isabelo; futhi
- (b) sazise uMphathizimali Wesifundazwe nomnyango owengamele ohulumeni basekhaya inhloso yokubamba isabelo.

(3) Isaziso esibalulwe kusigabana (2) kumele sihlanganise izizathu zokumiswa kwesabelo nesikhathi esihlosiwe sokumiswa kwesalo.

(4)(a) UMphathizimali Wesifundazwe angatshela isikhulu sesifundazwe esidlulisa imali uma sibamba isabelo ngokwesigabana (1) ukuba sibambe isabelo isikhathi esengeziwe ukudlula izinsuku izingama - 30, kodwa esingeqile izinsuku eziyi -120, noma anikeze isicelo saleso sikhulu imvume yokubamba isabelo, uma lokhukubamba –

- (i) kuphoqeleta ukuhambisana nalomthetho; noma
- (ii) kwehlisa amathuba okusebenzisa imali ngokungaphansi.
- (b) Isikhulu sesifundazwe esidlulisa imali kumele uma senza isicelo sokubanjwa kwesabelo ngokwesigabana (a), sihlENZE uMphathizimali Wesifundazwe ngesiqiniseko sokuhambisana nesigabana (2) kanye nazozonke isincazelo izitholwe kumasipala othintekayo;
- (c) Isikhulu sesifundazwe esidlulisa imali kumele futhi sihambisane nesigabana (2) uma kusho uMphathizimali Wesifundazwe noma lapho enikeza igunya lokubamba isabelo ngokwesigabana (a).

Ukumiswa kwesabelo esinemibandela

6. (1) Ngaphandle kwesigaba (5), uMphathizimali Wesifundazwe angamisa ukudluliswa kwesabelo esinemibandela noma ingxenye yelesosabalo sikamasipala ngokubona kwakhe noma ngokwesicelo sesikhulu sesifundazwe esidlulisa imali –

- (a) uma kukhona ukungahambisani nalomthetho okuphindelelayo;
- (b) uma uMphathizimali Wesifundazwe ebona ukuthi umasipala angeke ukwazi ukusebenzisa yonke imali yohlelo noma yesabelo esithintekayo kunyakamali womasipala.

(2) UMphathizimali Wesifundazwe kumele, ngaphambi kokumisa isabelo ngokwalesi sigaba –

- (a) Anikeze umasipala othintekayo;
 - (i) isaziso esibhaliwe sezinsuku ezingama - 21 sehloso yokumisa isabelo; futhi
 - (ii) nethuba lokunikeza incazelo ebhaliwe, phakathi kwazo lezozinsuku ezingama - 21 yokuthi kungani kungamele simiswe isabelo; futhi

(b) Athintane noNgqongqoshe wesiFundazwe ophathiswe umnyango odlulisa isabelo esinemibandela.

(3) UMphathizimali Wesifundazwe kumele, lapho kumiswa isabelo ngokwesigabana (1), ashicilele isaziso sokumiswa kwesabelo esihambisana nencazelo, *Ephabhabhukwini LikaHulumeni LesiFundazwe*.

(4) UNgqongqoshe WezeZimali Wesifundazwe kumele abike ukumisa kwesabelo –

- (a) KuMcwaningi maBhuku Jikelele;
- (b) nakuSishayamthetho SesiFundazwe lapho kuthulwa khona umthetho wokwabiwa kwezimaliolandelayo kuso IsiShayamthetho SesiFundazwe.

Ukwabiwa kabusha emva kokumiswa kwesabelo sikamasipala

7. (1)(a) UMphathizimali Wesifundazwe lapho emisa isabelo ngokwesigaba - 6, emva kokuthintana nesikhulu sesifundazwe esidlulisa imali nangokoMthetho Wokwabiwa KweZimali, angenza isinqumo sokuthi isabelo noma ingxenye yaso yabelwe kabusha komunye noma kwabanye omasipala ngokombandela wokuthi lesosabelo sisetshenziswe kulowonyakamali womasipala noma kolandelayo.

(b) UMphathizimali Wesifundazwe kumele-

- (i) Anikeze isaziso sokwabiwa kabusha kwezimali; futhi
- (ii) Ahlinzeke ngekhophi yesazisi kwisikhulu sesifundazwe esidlulisa imali nazozonke izikhulu zikamasipala ezithintekayo.

Imali edluliswe nephutha nangokungemthetho (ngomkhonyovu)

8. (1) Ukudluliswa kwemali ngephutha nangokungemthetho (ngomkhonyovu) kumasipala kuthathwa ngokungafanele kuye kumasipala ngokusemthethweni.

(2) Imali edluliswe ngokwesigabana (1) kumele ibuyiswe isikhulu sesifundazwe esidlulisa imali kungakapheli maseko, ngaphandle uma kukhishwe isinqumo ngokwesigabana (3).

(3) UMphathizimali Wesifundazwe angayala isikhulu sesifundazwe esidlulisa imali ukuthi ukubuyiswa kwemali okushiwo kusigabana (2) kumele kwenziwe ngokunciphisa izabelo ezidluliswayo zesikhathi esizayo okumele ziye kumasipala.

Izabelo ezinemibandela ezingasetshenziswanga

9. (1) Ngokuhambisana noMthetho WokuPhathwa KweZimali zikaHulumeni, uMthetho WokuPhathwa KweZimali zoMasipala ka-2003, kanye noMthetho Wokwabiwa KweZimali, isabelo esinemibandela noma ingxenye yaso, esingasetshenziswanga umasipala ekupheleni konyakamali womasipala, sibuyela eSikhwameni SeZimali SesiFundazwe, ngaphandle uma kugunyaziwe ngokwesigabana sesibili.

(2) UMphathizimali weSifundazwe angagunyaza ngokubonisa nesikhulu sesifundazwe esidlulisa imali ukuthi isabelo sigcinwe umasipala ukuze sisetshenziswe kunyakamali womasipala ozayo, uma izimali zibekelwe imisebenzi ebiqaliwe.

(3) Isikhulu esamukelayo kumele siqinisekise ukuthi izimali ezibuyela eSikhwameni SeZimali SesiFundazwe ngokwesigabana (1), ziyakhokhwa umasipala kwi-akhawunti yasebange yesikhulu esidlulisa izimali, yena ezodlulisa izimali eSikhwameni SeZimali SesiFundazwe.

(4) Ngokuhambisana nesigabana (5) uMphathizimali Wesifundazwe angabuyisela eSikhwameni SeZimali SesiFundazwe zonke izimali okumele zibuyiswe ngokunciphisa isabelo esinemibandela sesikhathi esizayo ngokwesigabana (1) no (3).

(5) Ngaphambi ngokuba uMphathizimali Wesifundazwe abuyise izimali zezabelo ezinemibandela ngokwesigabana (4), uMphathizimali Wesifundazwe kumele anikeze isikhulu sesifundazwe esidlulisa imali kanye nesikhulu sikamasipala –

(a) Isaziso esibhaliwe senhloso yokubuyisa imali ngokunciphisa izabelo zesikhathi esizayo; kanye

(b) nethuba, ezinsukwini eziyi - 14 emva kokuthola isaziso ngokwesigabana (a), lokuba –

- (i) Kuthunyelwe izincazelo ezibhaliwe zokuqinisekisa ngokunelisekile kuMphathizimali Wesifundazwe ukuthi imali ebikwe ngengasetshenziswanga yasetshenziswa ngokwemigomo ebekiwe noma ibekelwe izinhlelo ezikhona;
- (ii) kuqhanyukwe namanye amacebo avumelikile kuMphathizimali Wesifundazwe okungabuyiswa ngawo isabelo esinemibandela esingasetshenziswanga; kanye

(iii) kuqhanyukwe nenye indlela yokukhokha lapho izabelo ezinemibandela ezingasetshenziswanga ziyobuyiselwa eSikhwameni SeZimali SesiFundazwe.

(6) Isaziso ngowesigabana (5) kumele sihlanganise nemali okuhloswe ukuba ikhokhwe ngezabelo ezizayo, kanye nezizathu zalokhu.

(7) Angeke inikezwe imvume komasipala abacela ukudluliswa kwemali yoxhaso lukazwelonke izinkathi ezintathu zilandelana.

Ukubika ngezabelo ezinamibandela

10. (1) Isikhulu sikamasipala othola isabelo kumele sithumele kusikhulu sesifundazwe esidlulisa imali kanye no Mphathizimali weSiFundazwe umbiko ngokusetshenziswa kwesabelo esinemibandela ngenyanga edlule, ngomhla ziiyi-7 noma ngamphambili nyangazonke.

(2) Umbiko ngokwesigabana (1) kumele ube ngokwendlela ebekiwe nekhishwe isikhulu sisifundazwe esidlulisa imali.

(3) Isikhulu sesifundazwe esidlulisa imali kumele sithumele umbiko kuMphathizimali Wesifundazwe nakuNgqongqoshe owengamele lowomnyango othintekayo ziiyi -15 izinsuku emva kokuphela kwenyanga, lombiko kumele uqukathe lokhu –

- (a) imininingwane, ngendlela ebekiwe, yokudluliswa kwemali kanye nokusetshenziswa kwayo umasipala ngenyanga edlule;
- (b) isiqiniseko sokuthi izabelo ezinemibandela ezingasetshenziswanga zivikelwe imali ekhona noma imali eyongiwe yomasipala;
- (c) ukudluliswa nokusetshenziswa okuhlelelwe izinyanga esizayo zonyakamali wesifundazwe; kanye
- (d) Lapho kunesidingo, incazelo yomehluko ekusetshenzisweni kwezimali kanye nezinyathelo izizothathwa ukuqinisekisa ukuthi isabelo sizosetshenziswa kahle.

Isihloko Esifushane

11. Lo Mthetho ubizwa ngoMthetho Wokwabiwa Kwezimali KwaZulu-Natali wonyaka we-2025.

iSheduli Yomthethosivivinyo Wesabelozimali, 2025

iVoti	Incazelo	Sekukonke	Imininingwane yemali eyabiwe					Imali eyabiwe yabalulwa ngokukhethekileyo
			Izinkokhelo zamanje	Izinkokhelo ezidluliswayo nemixhaso	Izinkokhelo zempahla	Izinkokhelo zezimpahla zezimali		
		R'000	R'000	R'000	R'000	R'000		R'000
1	Ihhovisi likaNdunankulu <i>Ukusiza uNdunankulu ekwenzeni imisebenzi yakhe ebekwe nguMthethosisekelo.</i>	817 875	752 550	59 151	6 174	-		29 517
1	Ezokuphatha <i>Ukwenza imisebenzi yokusiza uNdunankulu kanye neNhlolo Yomnyango ekulawuleni iHhovisi likaNdunankulu, ngokuhlinzeka ngemisebenzi yokusiza abaphathi emnyangweni.</i> <i>isabelo esikhethekile okuyilesi:</i> <i>Uhlelo loNgqongqoshe ezifundeni/iOperation Sukuma Sakhe</i>	237 726	232 674	1 878	3 174	-		
2	Ukuthuthukiswa Kwezikhungo <i>Ukwenza ngcono ukwenziwa komsebenzi ngokuhlomisa ngamakhono izikhungo kanye nokulawulwa kwezinguquko esifundazweni.</i>	362 906	330 278	29 628	3 000	-		2 000
3	Izingqubomgomo nokuphatha <i>Ukusungulwa nokubekwa kwezingqubomgomo zesifundazwe ezizosiza ekukhulisweni nasekuthuthukisweni kwesifundazwe.</i> <i>imali edluliselwa esikhungweni sikahulumeni esizimele:</i> <i>iTrust yendlu yobukhosi bakwaZulu (ZRHT)</i>	217 243	189 598	27 645	-	-		27 517
2	IsiShayamthetho sesiFundazwe <i>Ukuqinisa intando yeningi KwaZulu-Natali ngokuqapha umsebenzi kahulumeni, ukubandakanya Umphakathi nokubeka imithetho eqotho.</i>	751 510	515 579	225 859	10 072	-		-
1	Ezokuphatha <i>Ukubheka ulawulo-jikelele lwesiShayamthetho SesiFundazwe kuhlinzekwe noxhaso lwemisebenzi yangaphakathi eSiShayamthetho.</i>	263 646	252 988	586	10 072	-		
2	Imisebenzi Yephalamende <i>Ukuhlinzeka ngemisebenzi yezokuphatha nokusiza amalungu ePhalamende ngezinsizakusebenza kanye nokulekelela ukuzibandakanya komphakathi ezinhlelweni zikahulumeni.</i>	487 864	262 591	225 273	-	-		
3	Ezolimo nokuThuthukiswa kwemiphakathi yasemaphandleni <i>Ukukhuthaza imikhuba emihle kwezolimo egugquzela ukukhula kwezomnotho, ukutholaka kokudla nokuyisa phambili imiphakathi yasemakhaya ngokubambisana nabanye.</i>	2 757 443	2 204 337	323 110	229 996	-		535 974
1	Ezokuphatha <i>Ukweseka izingxenye eziqondene nemisebenzi ethile emnyangweni, ekufezeni izinhloso zazo.</i> <i>isabelo esikhethekile okuyilesi:</i> <i>Uhlelo loNgqongqoshe ezifundeni/iOperation Sukuma Sakhe</i>	751 834	671 888	9 354	70 592	-		
2	Ezolimo <i>Ukunikezela ngemisebenzi yezolimo ehlanganisa ukutshala, ukufuya, ukusebenza komhlaba nokubuyiselwa kwawo (umsebenzi obalulekile obhekwe umnyango kaZwelonke Wezolimo owenziwa esifundazweni) nemisebenzi yokwelashwa kwezilwane njengokuqapha izifo zezilwane, ukuvikela izifo zezilwane zasendle kanye nokuginsekisa ukuphepha kokudla okuvela ezilwaneni.</i> <i>uxhasomali olunemibandela yilolu:</i> <i>Uxhaso lokunakekelwa komhlaba</i> <i>Uxhasomali lohlelo olubanzi lokwesekwa kwezolimo</i> <i>imali edluliselwa esikhungweni sikahulumeni esizimele:</i> <i>Agri-business Development Agency (ADA)</i> <i>Uxhasomali oludidiyele lwezinhlelo ze-Ilima/Letsema</i> <i>Uxhasomali oludidiyele lokunikeza umphakathi umsebenzi kaHulumeni</i> <i>imali edluliselwa esikhungweni sikahulumeni esizimele (evela kusabelo mali):</i> <i>Agri-business Development Agency (ADA)</i>	1 898 601	1 483 676	313 756	101 169	-		2 000
3	Ukuthuthukiswa kwezindawo zasemaphandleni <i>Ukuqala, ukuhlela nokuqapha intuthuko ezindaweni zasemaphandleni nokuhola intuthuko kulezindawo ngokusebenzisana nomphakathi ekubhekeni izidingo ezibalulekile nokuqinisa izinhloso zomphakathi.</i> <i>uxhasomali olunemibandela yilolu:</i> <i>Uxhasomali lohlelo olubanzi lokwesekwa kwezolimo</i> <i>isabelo esikhethekile okuyilesi:</i> <i>Isikhungo sesabelomali yengqalasizinda (FBI)</i>	107 008	48 773	-	58 235	-		
4	Ezokuthuthukiswa komnotho, ezokuVakasha nezeMvelo <i>Ukuvumela ukukhula komnotho ngokunika amandla ezohwebo, ukutshala kwezimali kanye nezokuvakasha kube kuqinisekiswa ukuphatha kwemvelo okuphusile kanye nokumelana nesimo sezulu.</i>	3 606 998	1 138 576	2 453 755	14 667	-		2 497 180
1	Ezokuphatha <i>Ukuhlinzeka ngemisebenzi yokweseka ngendlela efanele nangempumelelo kuwo wonke umnyango mayelana nezabasebenzi, ukuxhumana, ezomthetho, ubuchwepheshe bolwazi kanye nezokuxhumana, ezokuphepha kanye nezokusiza abasebenzi.</i> <i>isabelo esikhethekile okuyilesi:</i> <i>Uhlelo loNgqongqoshe ezifundeni/iOperation Sukuma Sakhe</i>	368 473	357 886	328	10 259	-		
2	Imisebenzi Yezokuthuthukiswa Komnotho Edidiyelwe <i>Ukuhlinzeka ngobuhlobo obunohlonze, umgudu kanye nokuxhunyaniswa kwemisebenzi yokuhlomisa ngezomnotho esifundazweni.</i> <i>imali enemibandela edluliselwa komasipala:</i> <i>uMasipala uMzombe - Kwa-Smith</i> <i>uMasipala iMpindle - Ingqalasizinda</i> <i>uMasipala iRichmond - Izitolo zokuhweba edolobheni i- Richmond</i> <i>uMasipala uMngeni - uhlelo lokuqasha koMasipala</i> <i>uMasipala iDannhauser - uhlelo lokuqasha koMasipala</i> <i>uMasipala iMpindle - uhlelo lokuqasha koMasipala</i> <i>uMasipala iNkosi Langalibalele - uhlelo lokuqashela abahwebi abangahlelekile koMasipala</i> <i>uMasipala iNkosi uMtabatuba - uhlelo lokuqashela abemkhakha wokukhiqiza koMasipala</i> <i>Ukulungiswa kabusha kwezitolo zeRenki yamatekisi eJolivet kanye nokwakhiwa kwezitolo</i> <i>Amaphrojekthi Engqalasizinda Engahlelekile (okungabiwe)</i> <i>uMasipala uMuziwabantu - uhlelo lokuqasha koMasipala</i> <i>uMdoni SMME kanye nohlelo le - Co-operative Support</i> <i>imali ekhethekile edluliselwa emabhezisizini likahulumeni elizimele:</i> <i>Ithala Development Finance Corporation (IDFC)</i> <i>isabelo esikhethekile okuyilesi:</i> <i>Ithala SOC Ltd</i> <i>i-KZN Growth Fund Agency (KZNGFA)</i>	350 170	197 808	152 092	270	-		2 000
				700				700
				900				900
				1 391				1 391
				1 000				1 000
				500				500
				500				500
				500				500
				1 000				1 000
				1 000				1 000
				10 000				10 000
				750				750
				1 000				1 000
				86 904				86 904
				51 904				51 904
				39 947				39 947

Umthethosivivinyo Wokwabiwa Kwezimali, 2025

iSheduli Yomthethosivivinyo Wesabelozimali, 2025

iVoti	Incazelo	Sekunke	Imininingwane yemali eyabiwe				Imali eyabiwe yabalulwa ngokukhethekileyo
			Izinkokhelo zamanje	Izinkokhelo ezidluliswayo nemixhaso	Izinkokhelo zempahla	Izinkokhelo zezimpahla zezimali	
		R'000	R'000	R'000	R'000	R'000	R'000
4	Ezokuthuthukiswa komnotho, ezokuVakasha nezeMvelo (iyaqhubeka)						
3	Ukuthuthukiswa Kwezohwebo Nezimbongi Ukukhuthaza ukukhuliswa komnotho ngokuthuthukisa izimbongi, ezohwebo kanye nokuthuthukiswa kotshalomali. Imali enemibandela edluliselwa komasipala: uMasipala iZululand: Isikhumulo sezindiza i-Prince Mangosuthu Buthelezi uMasipala Okhahlamba: ukuhwetshwa kwe Nsangu (Cannabis/Hemp) Imali edluliselwa ezikhungweni zikahulumeni ezizimele: Isikhungo iDube TradePort Corporation (DTPC) Isikhungo sokuhweba noKutshiswa Kwezimali KwaZulu-Natal (TIKZN) Isikhungo sezocwaningo iMoses Kotane Research Institute (MKRI) Imali edluliselwa ebhizinisini likahulumeni elizimele: Inkampani Yendawo Yokuthuthukiswa kweziMboni (RBIDZ)	939 362	106 764	832 488	110	-	500 5 000 513 101 111 305 60 546 136 436
4	Ukulawulwa Nokuphathwa Kwamabhizinisi Ukuvumela indawo yezamabhizinisi enokulingana nokuzibophezela komphakathi. Imali edluliselwa ezikhungweni zikahulumeni ezizimele: Isikhungo sesifundazwe esibhekele ukulawula umnotho (KZNERA)	230 284	80 658	149 626	-	-	149 626
5	Ukuhlelwa Kwezomnotho Ukwakha inqubomgomo kanye namasu okusebenza ezomnotho zesifundazwe kanye namasu okusebenza okufeza nokukala intuthuko yezomnotho.	47 705	47 634	-	71	-	
6	Ezokuvasha Ukukhuthaza ukukhula komnotho ngokuthuthukiswa kwezokuvakasha, ukuthuthukisa izinqubomgomo zezifundazwe, amasu kanye nokuqinisekisa ukuthi ziyasetshenziswa, ukuqinisekisa ukuthi imboni iphathwa ngendlela ngemithetho efanele kanye nokudala indawo ekahle ukuze ezokuvakasha zichume ngaleyo ndlela kube neqhaza ekukhuleni komnotho nokudala amathuba emisebenzi. Imali edluliselwa ezikhungweni zikahulumeni ezizimele: Isikhungo iKwaZulu-Natal Sharks Board (KZNSB) Isikhungo iKwaZulu-Natal Tourism and Film Authority (KZNTAFA) Isikhungo socwaningo i-KZN Amafa	384 008	48 601	334 957	450	-	73 442 257 515 4 000
7	Ezemvelo Ukuqinisekisa kokulandelwa kwemithetho eqondene nokuphathwa kwezemvelo. Uxhasomali olunemibandela yilolu: Uxhasomali oludidiyele lokunikeza umphakathi umsebenzi kaHulumeni Imali edluliselwa ezikhungweni zikahulumeni ezizimele: Uhlelo lokususa izitshalo ezinobungozi Imali edluliselwa ezikhungweni zikahulumeni ezizimele: Isikhungo Ezemvelo KZN Wildlife (EKZNW) Isabelo esikhethekile sesifundazwe okuyilesi: Uhlelo lokususa izitshalo ezinobungozi Icebo lokuvuselelwa komnotho emadolobheni nesezindaweni zasemaphandleni (i-TRERS) i-Maloti Drakensberg Transfrontier Uxhaso oluvela ku Vote 4 Isabelo esikhethekile okuyilesi: Ithluzi i- Integrated Environmental Management (okungabelwe) Uhlelo loguquko lokulawulwa kwemifuta (okungabelwe)	1 286 996	299 225	984 264	3 507	-	6 161 60 000 968 156 55 897 7 000 515 904 744 2 000 1 300
5	Ezemfundo	66 690 206	61 619 757	2 890 021	2 180 428	-	5 405 859
	Ukwakha indawo elungele ukufundisa nokufunda okuseqophelweni eliphezulu ngazozonke izikhathi.						
1	Ezokuphatha Ukuhlinzeka ngokuphathwa jikelele kohlelo lwemfundo, izinsizakalo zokuphathwa kwemfundo yohlelo lwemfundo, ukuthuthukiswa kwabasebenzi kubasebenzi abasekelwe ehhovisi kanye ne-Education Management Information Systems (EMIS). Isabelo esikhethekile okuyilesi: Ukwenza kangcono ukwakha ingqalasizinda Uhlelo loNgqongqoshe ezifundeni/Operation Sukuma Sakhe	2 707 722	2 648 337	38 752	20 633	-	16 790 2 000
2	Imfundo yasezikoleni zomphakathi Ukuhlinzeka ngemfundo yomphakathi esifundazweni kusukela kwibanga lokuqala kuya kumatikuletshe ngokomthetho weZikole waseNingizimu Afrika. Uxhasomali olunemibandela yilolu: Uhlelo lokuhlizekela izikole ngokudla okunempilo Isibonelelo seZibalo, Isayensi nobuchwepheshe Uxhasomali lukuhlomelisa imiphakathi imisebenzi yezehlalakahle esifundazweni Isabelo esikhethekile okuyilesi: Uhlelo lokunikizwa kwezinsiza zangasese zamantombazane	54 786 072	53 051 053	1 735 019	-	-	2 335 101 74 445 11 471 60 118
3	Uxhasomali lwezikole ezizimele Ukusiza izikole ezizimele ngokomthetho weZikole waseNingizimu Afrika.	75 500	-	75 500	-	-	60 118
4	Izikole zomphakathi eziyisipesheli Ukuhlinzeka ngemfundo yomphakathi ezikoleni eziyisipesheli, nangazo zonke izidingo zazo ngokomthetho weZikole waseNingizimu Afrika nePhepha eliMhlophe lesithupha ngeMfundo ebandakanya wonke umuntu. Uxhasomali olunemibandela yilolu: Uxhasomali lwabafundi abakhubazeke ngokwengqondo	1 853 531	1 666 550	170 604	16 377	-	38 431
5	Ukuthuthukiswa kwemfundo yezingane Ukuhlinzeka ngemfundo yokuthuthukisa izingane ebangeni lesigaba-R nakwamanye angaphambili, ukuze kuqinisekise ukuthi bonke abafundi bathola imfundo yasemazingeni aphantsi ngaphambi kokuba bangene esikoleni. Uxhasomali olunemibandela yilolu: Isibonelelo sokuthuthukiswa kwezingane	2 266 872	1 529 692	737 180	-	-	308 627
6	Ukuthuthukiswa kwezingqalasizinda Ukuhlinzeka nokubhekelela ingqalasizinda yamahhovisi ezokuphatha kanye nezezikole. Uxhasomali olunemibandela yilolu: Uxhaso lwengqalasizinda yesifundazwe	2 822 844	679 426	-	2 143 418	-	2 489 596
7	Imisebenzi ehlobene nezeMfundo kanye nokuhlolwa kwabafundi Ukuhlinzeka ngemisebenzi yokweseka ngesikhathi sokuhlolwa kwabafundi emabangeni afanele, kanye nokuqinisekisa ukuthi umsebenzi wezemfundo usezingeni eliphezulu. Uxhasomali olunemibandela yilolu: Isabelomali sokufundiswa ngeNgculazi nesandulela Ngculazi	2 177 665	2 044 699	132 966	-	-	69 280

iSheduli Yomthethosivivinyo Wesabelozimali, 2025							
iVoti	Incazelo	Sekukonke	Imininingwane yemali eyabiwe				Imali eyabiwe yabalulwa ngokukhethekileyo
			Izinkokhelo zamanje	Izinkokhelo ezidluliswayo nemixhaso	Izinkokhelo zempahla	Izinkokhelo zezimpahla zezimali	
		R'000	R'000	R'000	R'000	R'000	R'000
6	uMgcinimafa wesiFundazwe Ukwenza kangcono usizo oludluliselwa emphakathini, ngokuphathwa kwezimali okunobuhlakani nokuphela. 1 Ezokuphatha Ukuhlinzeka ngobuhlobo obunobuhlakani kanye nokwesekeka kwezokuphatha eminyangweni. isabelo esikhethekile okuyilesi: Uhlelo loNgongqoshe ezifundeni/Operation Sukuma Sakhe 2 Ukuphathwa kwezinsizakusebenza eziyimali Ukuphatha, ukugcina kanye nokuphatha ukusimama kwezimali zesifundazwe, kanye nokwesekeka ukulethwa kwengqalasizinda eyenziwe ngcono futhi esimeme. isabelo esikhethekile okuyilesi: Ukwenza kangcono usizo lokwakha izingqalasizinda 3 Ukuphathwa Kwezimali Ukuhlinzeka ngoxhaso lokulungela ukucwaningwa kwamabhuku eminyangweni yezifundazwe nasezikhungweni zikahulumeni ngenhloso yokwenza ngcono imiphumela yocwaningomabhuku esifundazweni, kanye nokwenza ukuhlolwa kokuthotshelwa kwe-SCM, izinsizakalo zokwesekeka inqubomgomo kanye nezinkontileka ezikhungweni zesifundazwe. 4 Ukucwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi Ukukhuthaza ukubusa okuhle ngokuhlizeka ngemisebenzi yoCwaningo lwaNgaphakathi eminyangweni yezifundazwe kanye nezinsiza zokweluleka ngobungozi eminyangweni yezifundazwe nakomasipala. 5 Ukuphathwa Kwezimali zoMasipala Ukuphatha nokwalusa ngendlela yokuphathwa kahle kwezimali koMasipala kanye nezikhungo ezingaphansi koMasipala.	710 190	698 469	1 905	9 816	-	7 000
		228 693	221 245	1 749	5 699	-	
		53 270	52 690	-	580	-	2 000
		241 176	239 567	156	1 453	-	5 000
		112 715	111 548	-	1 167	-	
		74 336	73 419	-	917	-	
7	Ezempilo Ukuthuthukisa uhlelo lwezempilo olusimeme noludidiyelwe kuwona wonke amazanga okunakekela, ngokubuka unakekelongqangi lwezempilo ngoHlelo Lwezempilo Lwezifunda, ukuqiniseka ukufinyelela kwezempilo kubantu. 1 Ezokuphatha Ukuhlinzeka ngawo wonke amasu okuhlela, ukuxhumanisa nokulawulwa kwemisebenzi ekufezekiseni izimpokophelo zesimo sempilo ebalulekile yayo yonke imiphakathi esifundazweni, kanye nokuphathwa komnyango okuhambisana nemisebenzi yokubusa okuhle. isabelo esikhethekile okuyilesi: Uhlelo loNgongqoshe ezifundeni/Operation Sukuma Sakhe 2 Usizo Lwezempilo Lwezifundazwe Ukuhlinzeka ngosizo lwezempilo kanye nezibhedlela zesifundazwe. isabelo esinemibandela (lwezifundazwe) esidluliselwa komasipala: Imitholampilo yomasipala - eThekweni Metro uxhasomali olunemibandela yilolu: Uxhasomali lwesifunda lwezinhlelo zempilo uxhasomali olunemibandela oluya komasipala yilolu: Imitholampilo yomasipala - eThekweni Metro Imali yesibonelelo somshwalense wezempilo kaZwelonke Uxhasomali lokuhlomelisa ekunikezeni umphakathi imisebenzi yezehlalakahle 3 Imisebenzi Yezempilo Ephuthumayo Ukuhlinzeka ngosizo lwezempilo oluphuthumayo ngaphambi kokufika esibhedlela kubandakanywe nokwedluliselwa kwesinye isibhedlela nokuhlelwa kwezinto zokuthutha iziguli. 4 Imisebenzi Yasesibhedlela Esifundazweni kuhlinzeka ngosizo lwasesibhedlela olufinyelelekayo, olufanele kanye noluphuhlile kanye nokuhlizeka ngemisebenzi yochwepheshe edingekayo kubandakanywe nomisebenzi wokuhlunyelelwa kwezimilo, kanye nesigcawu soqeqesho lochwepheshe bezempilo kanye nokuwano. uxhasomali olunemibandela yilolu: Uxhaso lokuqeqeshwa nokuthuthukiswa kwamakhono 5 Imisebenzi Yosizo Lwasesibhedlela Ukuhlinzeka ngemisebenzi yezempilo esezingeni eliphezulu nesigcawu sokuqeqeshwa kwabasebenzi bezempilo. uxhasomali olunemibandela yilolu: Uxhaso lwemisebenzi Esezingeni Eliphezulu Kazwelonke 6 Izifundo Zezempilo noqeqesho Ukuhlinzeka ngamathuba oqeqesho nentuthuko yalabo abangase babe abasebenzi noma abayibo abasebenzi bomnyango. uxhasomali olunemibandela yilolu: Uxhaso lokuqeqeshwa nokuthuthukiswa kwamakhono 7 Imisebenzi Yokusiza nokwesekeka Ezempilo Ukwakha izinsiza eziningi ezisizingeni eliphezulu okuhlalanganisa iDepho Yezifundazwe yezemithi elawula ukuhlizeka kwemithi nemithi ehlukeneyo ezibhedlela, izikhungo zezempilo zomphakathi, imitholampilo kanye neziphathimandla zendawo, nge-Akhawunti yokuhweba ngemithi, ukuhlizeka kwezinsiza zelandolo ezibhedlela, izikhungo zokunakekela nokuhlunyelelwa kwezimilo kanye neziphathimandla ezithile zendawo, kanye nokuhlizeka kwezinsizakalo zezokwelapha eziyisipesheli kanye nokwelashwa kwamathambo ezibhedlela. 8 Ukuphathwa Kwezinsiza Zezempilo Ukuhlizeka ukuphathwa kwezinsiza zezempilo emitholampilo yomphakathi kanye nasezikhungweni zezempilo, ezibhedlela zesifundazwe ezikhungweni zezimo eziphuthumayo zezempilo, ezibhedlela zokufundela kanye nakwezinye izakhiwo nezinhlobo, ngokusebenzisa lolu xhasomali oluphuthumayo. isabelo esikhethekile okuyilesi: Ukwenza kangcono ukwakha ingqalasizinda uxhasomali olunemibandela yilolu: Uxhasomali Lokwakhiwa Kabusha Kwezakhiwo Zezempilo Uxhasomali oludidiyele lokunikeza umphakathi umsebenzi kaHulumeni	56 211 801	53 087 276	803 059	2 321 466	-	12 353 814
		1 401 022	1 326 853	10 817	63 352	-	
		28 792 022	27 997 001	516 338	278 683	-	2 000
				136 872			136 872
			7 280 580	169 480	16 059		7 466 119
				162 928			162 928
			89 818				89 818
			21 391				21 391
		1 870 639	1 765 423	7 456	97 760	-	
		13 886 586	13 587 939	98 488	200 159	-	
				371 000			371 000
		6 223 266	6 010 349	49 882	163 035	-	
				2 251 615	3 055		2 289 556
		1 589 963	1 456 618	119 043	14 302	-	
				417 597			417 597
		394 739	380 539	1 035	13 165	-	
		2 053 564	562 554	-	1 491 010	-	
			35 541				35 541
			147 187		1 370 733		1 517 920
			6 000				6 000
8	Ezokuhlaliswa kwabantu Ukwenza izindawo zokuhlala ezamukela wonke umuntu ngokuthuthukiswa kwezindawo zokuhlala zibengcono kusetshenziswe uhlelo oludidiyele lwezokuhlaliswa kwabantu ezindaweni ezinamathuba omunotho nokuthuthukiswa kwabantu abakhethiwe. 1 Ezokuphatha Ukuthola nokuvimbela izinto eziphazamisa ukuphatha kanye nokwenza kangcono indlela okudluliswa ngayo imininingwane yezimali nokuphatha. 2 Izidingo, ucwaningo nokuhlelelwa nokwakhiwa kwezindlu Ukusungula izinsizakusebenza zokukhombisa indlela izinqumo zomnyango zokuthuthukisa kwezimali nokuhlizeka ngezinqubomgomo nokusiza ekuthulweni kwemisebenzi yezidlu. 3 Ukuqaliswa Kokwakhiwa Kwezindlu Ukuhlizeka nokuphatha ukwelulwa kwezindlu kuzozonke izifunda okuhlalanganisa nomasipala weTheku, ngokusebenzisa imixhaso ehlukeneyo ngokwezinqubomgomo kazwelonke neyesifundazwe. uxhasomali olunemibandela yilolu: Uxhasomali oludidiyelwe lokunikeza umphakathi umsebenzi kahulumeni Uxhasomali lokuthuthukisa ngokubambisana izindawo ezingahlelekile esifundazweni Imali yesibonelelo sikahulumeni yokuThuthukiswa kwezokuhlaliswa kwaBantu isabelo esinemibandela esidluliselwa komasipala: Imali yokusebenza yomasipala abakhethekile Uhlelo lwe CRU	3 549 877	557 650	2 977 840	14 387	-	3 143 305
		283 916	276 134	727	7 055	-	
		21 183	21 183	-	-	-	
		3 054 408	260 333	2 786 743	7 332	-	
			4 883	360			5 243
			25 434	483 449			508 883
			128 723	2 302 934	7 152		2 438 809
				48 591			48 591
				20 000			20 000

Umthethosivivinyo Wokwabiwa Kwezimali, 2025

iSheduli Yomthethosivivinyo Wesabelozimali, 2025							
iVoti	Incazelo	Sekukonke	Imininingwane yemali eyabiwe				Imali eyabiwe yabalulwa ngokukhethekileyo
			Izinkokhelo zamanje	Izinkokhelo ezidluliswayo nemixhaso	Izinkokhelo zempahla	Izinkokhelo zezimpahla zezimali	
		R'000	R'000	R'000	R'000	R'000	R'000
8	Ezokuhlaliswa kwabantu (iyaqhubeka)						
4	Ukuphathwa Kwempahla Eyizakhiwo Ukuphatha kanye nokuchithwa ngempumelelo kwezakhiwo zeSikhwama Sezindlu zangaphambi kuka-1994 kubazuzi abafanelekile ngokwe-Enhanced Extended Discount Benefit Scheme (EEDBS), kanjalo nokunikezela ngomhlaba ongakasebenzi komasipala ngokweSigaba 15 soMthetho weZeZindlu we-107 ka-1997. Isabelo esinemibandela esidluliselwa ebhizinisini likahulumeni: Isikhwama sokwakhiwa kwezindlu eKZN Isabelo ezikhethekile okuyilezi: Evela kusabelo zimali Uhlelo lokuthuthukisa kwezindawo zokuhlalisa umphakathi	190 370	-	190 370	-	-	190 370
				190 370			190 370
				29 734			29 734
				160 636			160 636
9	Ezokuphepha nokuxhumana nomphakathi	275 716	273 835	46	1 835	-	5 324
	Ukuqinisekisa ukusebenza ngempumelelo kwamaphoyisa kanye nezinsiza ezididiyelwe zokuphepha ukuze isifundazwe i-KZN sihlale siphephile futhi sinokuthula.						
1	Ezokuphatha Ukuqinisekisa ulawulo jikelele emnyangweni, nokwenza imisebenzi eqondene nezokuphatha, ezezimali, usizo lwezomthetho nolwabasebenzi.	116 807	116 072	46	689	-	
2	Isigungu sesiFundazwe esibhekele ukusebenza kwamaPhoyisa Ukwenza umsebenzi wokubheka ukusebenza KweHhovisi likaKhomishana Wesifundazwe, nezinhloko ezikhethekile, kanye nobudlelwano bomphakathi namaphoyisa. Uxhasomali olunemibandela yilolu: Uxhasomali oludidiyela lokunikeza umphakathi imisebenzi yezehlalakahle kaHulumeni	158 909	157 763	-	1 146	-	
			5 324				5 324
10	EzeMidlalo nezobuciko Namasiko	1 598 141	965 517	525 532	107 092	-	672 750
	Ukufaka izinguquko kwezemidlalo nokungebelekanga ngokudidiyelwe, nangokubamba iqhaza kwabani, ukuthuthukisa kanye nezinhlelo ezisabenza kakhulu kuwawonke amabanga, ngokuqinisekisa ukuhambisana nezibopho zikahulumeni zokwenza ngcono izimpilo zezakhamizi zesiFundazwe saKwaZulu-Natali.						
1	Ezokuphatha Ukusingatha ukuphathwa jikelele komnyango. Isabelo esikhethekile okuyilezi: Uhlelo loNgqongqoshe ezifundeni/iOperation Sukuma Sakhe	335 182	302 902	1 600	30 680	-	
2	Ezamasiko Ukuhlaziseka amaphrojekthi kanye nokungenelela kwezobuciko, amasiko, izinsizakalo zolimi kanye nesigcinamagugu, kanye nokuhlaziseka ngendawo evumela ukugujwa, ukondliwa kanye nokukhula kwale mikhakha. Uxhasomali olunemibandela yilolu: Uxhasomali oludidiyela lokunikeza umphakathi imisebenzi yezehlalakahle kaHulumeni Isabelo ezinemibandela esidluliselwa komasipala: Uxhaso lwezigcinamagugu Izindleko zokusebenza kwezikhungo zobuciko Uxhasomali oluya esikhungweni esizimele sikazwelonke: iPlayhouse Company/Inkampani yemidlalo yeshashalazi Uxhasomali oluya esikhungweni esizimele sikaHulumeni: Isikhungo socwaningo i-KZN Amafa	364 157	249 467	100 166	14 524	-	2 000
			2 261				2 261
				13 454			13 454
				1 719			1 719
				5 320			5 320
				42 750			42 750
3	Imisebenzi Yezemithapo Yolwazi Nezokugcinwa Kwamagugu Ukuthuthukisa imithapo yolwazi yomphakathi kanye nezingolobane zokugcina amagugu esifundazweni. Uxhasomali olunemibandela yilolu: Isibonelelo semisebenzi yemithapo yolwazi Isabelo esinemibandela esidluliselwa komasipala: Isibonelelo semisebenzi yemithapo yolwazi Isabelo esikhethekile esiya komasipala: Ukudlulisela imithapo yolwazi kuHulumeni wesifundazwe	496 321	150 672	292 411	53 238	-	
			62 355	85 507	50 000		197 862
				83 507			83 507
				206 904			206 904
4	Ezemidlalo nezokungebelekanga Ukuqhakambisa, ukuthuthukisa nokuhlaziseka ngezimali ezemidlalo esifundazweni. Isabelo esinemibandela esidluliselwa komasipala: Ingqalasizinda yezemidlalo Uxhasomali lokuvuselela izakhiwo Uxhasomali olunemibandela yilolu: Uxhasomali oludidiyela lokunikeza umphakathi imisebenzi yezehlalakahle kaHulumeni Ukubamba iqhaza kweningi nokuthuthukiswa kweMidlalo	402 481	262 476	131 355	8 650	-	
				80 560			80 560
				2 475			2 475
			3 102				3 102
			104 408	9 935			114 343
11	Ukulawula ngokuhlanga, nezindaba zomdabu	1 931 153	1 861 082	10 044	60 027	-	193 200
	Ukukhuthaza ulawulo lohulumeni basekhaya olugxile kubantu, olunesibopho sokubika nolusheshisa ukulethwa kwezidingo lubuye luqinisekise imiphakathi esimeme.						
1	Ezokuphatha Ukulekelela uNgqongqoshe nokwenza eminye imisebenzi yokwelekelela ngaphakathi emnyangweni, okubalwa kuyo ukuphathwa kwezimali.	493 130	456 758	7 151	29 221	-	
2	Ukulawulwa koHulumeni Basekhaya Ukudidiyela, ukusiza, ukukhuthaza kanye nokwenza ngcono ukusebenza ngobuqotho, ukuphatha nokuzibandakanya komphakathi kohulumeni basekhaya. Isabelo esikhethekile okuyilezi: Uhlelo loNgqongqoshe ezifundeni/iOperation Sukuma Sakhe	397 547	389 966	900	6 681	-	
				2 000			2 000
3	Intuthuko Nokuhlela Ukukhuthaza ukuhlela kwentuthuko okudidiyela kanye nokuqinisekisa ukwenziwa kweziNhlelo zeNtuthuko ezididiyelwe ezikhethekile. Uxhasomali olunemibandela yilolu: Uxhasomali oludidiyela lokunikeza umphakathi umsebenzi kahulumeni	377 893	357 297	1 693	18 903	-	
			3 440				3 440
4	Ukulawulwa Kwezikhungo Zomdabu Ukudidiyela kanye nokugqoguzela ukubambisana phakathi kwezikhungo zokuphatha kanye nokulethwa kwezinsiza ezizezingeni eliphezulu emiphakathini. Isabelo esikhethekile okuyilezi: Amahhlole eziNduna	662 583	657 061	300	5 222	-	
			187 760				187 760

iSheduli Yomthethosivivinyo Wesabelozimali, 2025							
iVoti	Incazelo	Sekunke	Imininingwane yemali eyabiwe				Imali eyabiwe yabalulwa ngokukhethekile
			Izinkokhelo zamanje	Izinkokhelo ezidluliswayo nemixhaso	Izinkokhelo zempahla	Izinkokhelo zezimpahla zezimali	
		R'000	R'000	R'000	R'000	R'000	R'000
12	Ezokuthutha <i>Ukuthuthukisa ukuhamba kwabantu nezimpahla emhlabeni wonke ngokuhlinzeka ngohlelo lwezokuthutha olufinyelela emhlabeni wonke, oluphephile, oluzinzile, olusekela futhi olusiza ukhloniswa komphakathi, ukubandakanywa, nokukhula komnotho.</i>	13 827 066	8 021 293	1 721 906	4 083 867	-	5 482 748
1	Ezokuphatha <i>Ukuhlinzeka umnyango ukuphatha jikelele, ukuphatha kwezimali nemisebenzi yokusiza ukuze kuqinisekise ukwenziwa komsebenzi womnyango ngendlela edidiyelayo, esebenza kahle nesebenza isikhathi eside.</i> <i>isabelo esikhethekile okuyilezi:</i> Uhlelo loNgqongqoshe ezifundeni/Operation Sukuma Sakhe	960 577	841 399	16 784	102 394	-	2 000
2	Ingqalasizinda yezokuthutha <i>Ukuqhakambisa ukuthutha kwabantu, nezimpahla okutholakala kalula, okuphephile ngokunikezela ngengqalasizinda yokuthutha ehlala isikhathi eside, nengalimazi imvelo, esekela kanye nokusiza ukuthuthukiswa komphakathi nezomnotho.</i> <i>uxhasomali olunemibandela yilolu:</i> Uxhasomali lokulungiswa kwengqalasizinda yezokuthutha <i>isabelo esikhethekile okuyilezi:</i> Ukuthuthukiswa (R111.673 million) kanye nokuvuselelwa (R652.327 million) kwe-KZN strategic network. Uxhasomali lokuhlomelisa ekunikezeni umphakathi umsebenzi kahulumeni	9 227 409	5 223 200	26 201	3 978 008	-	3 462 816
3	Imisebenzi yezokuthutha <i>Ukuhlela, nokulawula ukuhlinzeka ngemisebenzi yezokuthutha ngomhlaba, ngokubambisana nemikhandlu kazwelonke, izinhlangano ezizimele nezinkampani ezizimele ukusimamisa ukuhamba komphakathi, ikakhulukazi lapho kungatholaki nokuqalisa ukufundisa ngokuphepha emgwaqeni.</i> <i>uxhasomali olunemibandela yilolu:</i> Uxhasomali lwemisebenzi yokuthutha komphakathi <i>isabelo esikhethekile okuyilezi:</i> Ukuthutha kwabafundi	2 193 603	546 913	1 646 572	118	-	341 154
4	Ukulawulwa Kwezokuthutha <i>Ukuqinisekisa isimo esiphephile emgwaqeni ngokulawulwa kokuhamba kwezimoto emigwaqeni yomphakathi, ukhlonishwa komthetho, ukuqalisa kwemikhankaso yokuphepha emgwaqeni kanye nezinhlelo zokuqashisa nokubhalisa nokunikezwa kwamalayisense ezimoto nawabashayeli.</i> <i>isabelo esikhethekile okuyilezi:</i> Uxhaso leziphathimandla zokubhalisa	1 392 577	1 356 881	32 349	3 347	-	129 792
5	Izinhlelo Ezigxile Emphakathini <i>Ukubhekelela izinhlelo namasu aholela ekuthuthukisweni nokudlulisela amakhono emphakathini nakosonkontleka.</i>	52 900	52 900	-	-	-	-
13	Ezenhlalakahle nokuthuthukiswa komphakathi <i>Ukuququla imiphakathi ngokugqoguzela ukuzibheka nokuzibambela mathupha ngokuhlinzeka nokuthuthukisa ezenhlalakahle ezididiyelwe.</i>	3 613 297	2 800 671	712 974	99 652	-	1 989 642
1	Ezokuphatha <i>Ukuhlinzeka ngemisebenzi yokuphatha kanye nokweseka jikelele emnyangweni, ukuxhumana kwezepolitiki nezomthetho phakathi kukahulumeni, izinhlangano zomphakathi kanye nabo bonke ababambiqhaza abafanelekile, ukubhekana nokutolika kwenqubo omgomo kanye nesigondiso samasu omnyango futhi sinikeze ukwesekwa maqondana nokuphatha kwebhizinisi, ukuphatha kwezabasebenzi, ukuhlelwa kwempahla, ukuxhumana, ezezimali, nezinsizakalo zezomthetho, njll.</i> <i>isabelo esikhethekile okuyilezi:</i> Uhlelo loNgqongqoshe ezifundeni/Operation Sukuma Sakhe	695 109	678 228	10 908	5 973	-	2 000
2	Usizo Lomphakathi <i>Ukuhlinzeka ngomsebenzi wosizo lwezehlalakahle emphakathini nezibonelelo.</i> <i>uxhasomali olunemibandela yilolu:</i> Uxhasomali lwemisebenzi kahulumeni yezehlalakahle eyenziwa umphakathi <i>izabelo ezikhethekile okuyilezi:</i> Ukunakekela nemisebenzi yabadala Imisebenzi yokusiza akakhubazekile Isandulela-ngculaza nesifo sengculaza <i>isabelo esikhethekile okuyilezi:</i> Uhlelo lokuvikela Isandulela-ngculaza	875 328	537 505	271 131	66 692	-	18 217
3	Izingane nemindeni <i>Ukuhlinzeka ngokunakekelwa kwezingane nemindeni emiphakathini ngokubambisana nezinhlanga nezinhlangano zomphakathi.</i> <i>izabelo ezikhethekile okuyilezi:</i> Ukunakekela nemisebenzi yemindeni Ukunakekela nokuvikela izingane Ukunakekelwa kwezingane kanyenentsha <i>izabelo ezikhethekile okuyilezi:</i> Uxhasomali lokuholela Osonhlalakahle lushintshwe lwabakwisabelo mali Isimangalo esisenkantolo NAWANGO Izikhungo zokunakekela izingane ezisemphakathini	1 284 505	954 491	307 026	22 988	-	26 415
4	Imisebenzi yokubuyisa isimilo <i>Ukuhlinzeka ngemisebenzi yokulwisana nobugebengu nokusetshenziswa kwezidakamizwa kulabo ababuthakathaka ngokubambisana nezinye izinhlanga nezinhlangano zomphakathi.</i> <i>izabelo ezikhethekile okuyilezi:</i> Ukuvikela ubugebengu nokusiza abahlukumezwe ubugebengu Ukuseka abahlukumezekile <i>isabelo esikhethekile okuyilezi:</i> Ukuqashwa kosonhlalakahle Ukuvikela nokubuyisela esimweni abahlukumyezwe izidakamizwa	463 445	360 663	100 678	2 104	-	153 643
5	Intuthuko nocwaningo <i>Ukuhlinzeka ngezinhlelo ezigcineka ezizosiza ukuthuthukiswa komphakathi okususekwe kucwaningo lwemininingwane yabantu.</i> <i>izabelo ezikhethekile okuyilezi:</i> Ukuthuthukiswa kwentsha Ukuthuthukiswa kwabesifazane Ukuqedwa kobubha nempilo eqhubekayo	294 910	269 784	23 231	1 895	-	9 910
			8 078				12 385

iVoti	Incazelo	Sekukonke	Imininingwane yemali eyabiwe					Imali eyabiwe yabalulwa ngokukhethekileyo
			Izinkokhelo zamanje	Izinkokhelo ezidluliswayo nemixhaso	Izinkokhelo zempahla	Izinkokhelo zezimpahla zezimali		
14	Ezemisebenzi kahulumeni kanye neNgqalasizinda <i>Ukuthuthukiswa kwezimpilo zabantu base-KZN ngokusinamisa nothuthukisa ingqalasizinda nokuphatha kwempahla.</i>	R'000 2 037 490	R'000 1 050 187	R'000 966 750	R'000 20 553	R'000 -	R'000 1 031 387	
1	Ezokuphatha <i>Ukusingatha ukuphatha jikelele komnyango, ukwakhiwa kwenqubomgomo nguNgqongqoshe kanye nabaphathi bomnyango, nokwakha usiko lomnyango, ukuhlinzeka ngosizo lwezokuphatha kwabasebenzi, ukuphatha kwezomthetho, ezokuphepha, ukuxhumana nolwazi ngezokuphatha, ukunikezela ngezinsizo zokuphatha kwezimali nokuvikela ubungozi emnyangweni.</i> <i>isabelo esikhethekile okuyilesi:</i> Uhlelo loNgqongqoshe ezifundeni/iOperation Sukuma Sakhe	467 650	455 138	6 687	5 825	-		
2	Ukuphatha kwempahla yeNgqalasizinda <i>Ukuqinisekisa ukusebenza kahle kophiko lwezemihlaba kanye nokuqinisekisa ukuthi abantu esisebenzisana nabo bahlinzekelwa ngendawo engabizi neyanele, ukusetshenziswa ngokwanele kwezindawo, namanani ezindawo, ukunakekelwa kohlu lwezindawo, ukukhokwelwa kwentela yezindawo, kanye nokuhambisa izinsiza kubantu ngokubambisana.</i> <i>isabelo esinemibandela eidluliselwa kumasipala:</i> Ukukhokhela intela komasipala <i>izabelo ezikhethekile yilezi:</i> Umthetho Wokuphatha kweMpahla kahulumeni-Izandla Ziyagezana iRegister yempahla Umthetho Wokuphatha kweMpahla kahulumeni - ukuhlolwa okunemibandela Ukuthuthukisa ukwesekwa kwengqalasizinda	1 522 832	2 000 548 090	960 014	14 728	-	2 000	
3	Imisebenzi kahulumeni eyandisiswe <i>Ukudala amathuba emisebenzi kanye nokudidiyelwa kwezinhlelo zokunikeza umphakathi imisebenzi ka hulumeni (EPWP) esifundazweni.</i> <i>Uxhasomali olunemibandela yilolu:</i> Uxhasomali lokuhlomelisa ekunikezeni umphakathi umsebenzi kahulumeni <i>isabelo esikhethekile okuyilesi:</i> EPWP GIAMA - Uhlelo lokunakekelwa kwengqalasizinda	47 008	46 959	49	-	-	957 941	
			10 013 3 852 10 239 31 556				10 013 3 852 10 239 31 556	
			5 418				5 418	
			10 368				10 368	
Konke		158 378 763	135 546 779	13 671 952	9 160 032	-	33 347 700	

PROVINSIE KWAZULU-NATAL

BEGROTINGSWETSONTWERP, 2025

(Soos in the Provinsiale Wetgewer ter tafel gelê)
(Die Engelse teks is die amptelike teks van die Wetsontwerp)

(LUR VIR FINANSIES)

WETSONTWERP

Om voorsiening te maak vir die bewilliging van geld uit die Provinsiale Inkomstefonds vir die behoeftes van die Provinsie in die 2025/26 finansiële jaar wat op 31 Maart 2026 eindig en om voorsiening te maak vir ondergeskikte aangeleenthede wat daarmee verband hou.

AANHEF

AANGESIEN artikel 226(2) van die Grondwet van die Republiek van Suid-Afrika, 1996, bepaal dat geld uit die Provinsiale Inkomstefonds onttrek kan word slegs ingevolge 'n bewilliging deur 'n provinsiale Wet;

EN AANGESIEN artikel 26 van die Wet op Openbare Finansiële Bestuur, 1999 (Wet No. 1 van 1999, soos gewysig), bepaal dat die Provinsiale Wetgewer vir elke finansiële jaar geld vir die behoeftes van die Provinsie moet bewillig;

WORD DAAR DERHALWE VERORDEN deur die Provinsiale Wetgewer van die Provinsie van KwaZulu-Natal, soos volg:—

Woordomskrywing

1. In hierdie Wet, tensy dit uit die samehang anders blyk, beteken enige woord of uitdrukking waaraan daar in die Wet op Openbare Finansiële Bestuur 'n betekenis geheg is, het die betekenis daaraan geheg soos in daardie Wet —

“nasionale voorwaardelike toekennings” beteken toekenning aan die Provinsie uit die nasionale regering se deel van inkomste wat nasionaal ingesamel word, wat voorsien word en wie se doel in die jaarlikse Wet op die Verdeling van Inkomste, soos na verwys in artikel 214(1)(c) van die Grondwet van die Republiek van Suid-Afrika, 1996, gespesifiseer is;

“voorwaardelike toekennings” beteken ‘n toekenning aan ‘n munisipaliteit soos beoog in artikel 36(2) van the Wet of Munisipale Finansiële Bestuur, 2003, (Wet 56 van 2003);

“lopende betalings” beteken enige betaling gemaak deur 'n departement wat geklassifiseer of geag word as ‘n lopende betaling in terme van die *“Guidelines for Implementing the Economic Reporting Format”* (September 2009), uitgereik deur die Nasionale Tesourie ingevolge artikel 76 van die Wet op Openbare Finansiële Bestuur. Die bogenoemde behels enige betaling gemaak deur 'n provinsiale departement ten opsigte van die bedryfsbehoefte van daardie departement, en sluit in onder andere, betalings vir die vergoeding van werknemers, goedere en dienste, rente and huur van onroerende eiendom, maar sluit uit oordragte en subsidies, betalings vir kapitaalbates en finansiële transaksies wat betrekking het op bates en laste;

“Finansiële Bestuur van Parlement en Provinsiale Wetgewers Wet” beteken die Finansiële Bestuur van Parlement en Provinsiale Wetgewers Wet;

“betalings vir kapitaalbates” beteken enige betaling gemaak deur 'n departement wat geklassifiseer of ge-ag word as ‘n betaling vir kapitale bates in terme van die *“Guidelines for Implementing the Economic Reporting Format”* (September 2009), en die *“Asset Management Framework”* (April 2004, Weergawe 3.3), uitgereik deur die Nasionale Tesourie onder artikel 76 van die van die Wet op Openbare Finansiële Bestuur. Die bogenoemde behels enige betaling gemaak deur 'n provinsiale departement vir bates wat deurlopend of herhaaldelik vir meer as een jaar in produksie gebruik kan word, en waaruit toekomstige ekonomiese voordele of dienspotensiaal verwag word om regstreeks na die provinsiale departement wat die betaling doen, sal vloei;

